



Stories to heal

As children grow up, they are often faced with situations that are very challenging for them. Some of these may be "ordinary" life events, like starting school, or becoming a brother or sister. But many children are also faced with very difficult challenges, like being at the receiving end of prejudice, or the death of a loved one, or divorce. Children especially need our support during these times and one of the ways we can help them, is by sharing stories with them.

There are many wonderful stories about the potentially tough situations and dilemmas that children may face. Reading these stories together can help to support your children in the following ways.

-  When you read a story that has a character who has to deal with an issue similar to the one your children are facing, it helps them to realise that other children have similar problems to them, and so they feel less alone.
-  Stories can help children to better understand a challenging situation, discover how to cope with it and explore what options are available to them. Reading stories can help them to understand themselves better.
-  Many children find it difficult to identify and communicate how they are feeling. When children identify with a character in a story, they are often able to talk about what troubles them through talking about the character.
-  Stories give us a great starting point for discussion about things that are sometimes difficult to talk about. Asking open-ended questions about the story while you are reading it and afterwards, helps children to think and talk about their personal concerns, emotions or ideas. Here are some examples of questions you could use: "Why do you think she did/said that?", "What do you think he should do?", "How would you feel if ...?", "What would you do if ...?", "What do you do when ...?"
-  Reading stories together can lead to other forms of self-expression too. For example, your children could retell and/or act out the story, tell or write their own story, draw a picture about the story or one that is inspired by it, or write to one of the story characters.

Stories might not have the power to change the situation, but they can help change how we experience it.

Izindaba ezelaphayo

Ngesikhathi izingane zikhula, zivamise ukubhekana nezimo eziziphonsela inselele kakhulu. Okunye kwalokhu kuba izehlakalo "ezijwayelekile empilweni", ezifana nokuqala esikoleni, noma ukuba khona kwenye ingane ezoba umfowabo noma udadewabo wengane. Kodwa izingane eziningi futhi zibhekene nezimo ezinzima kakhulu, ezifana nokucwaswa, noma ukushona kobethandwa, noma kwehlukana ifindo lomshado kwabazali. Izingane zidinga ikakhulukazi ukwesekwa yithi ngalezi zikhathi ezinzima, kanti enye yezindlela esingazisiza ngayo, ukwabelana nazo ngezindaba.

Kukhona izindaba eziningi ezimnandi ngesimo okungenzeka sibe nzima kanye nezingqinamba izingane ezingahlangabezana nazo. Ukufunda lezi zindaba ndawonye kungasiza ukweseka izingane zakho ngalezi zindlela ezilandelayo.

-  Uma ufunda indaba enomlingiswa okumele abhekane nesimo esicishe sifane naleso enye yezingane zakho ebhekene naso, kuyasiza ukuthi ibone ukuthi nezinye izingane zinezinkinga ezifanayo neyayo, ngakho izozizwa ingeyodwa.
-  Izindaba zingasiza izingane ukuthi ziqonde kangcono isimo esiyinselelo, zithole ukuthi zingamelana kanjani naso futhi zithole nezinye izindlela ezivulekile ezingazisebenzisa ukubhekana naso. Ukufunda izindaba kungazisiza izingane ukuthi kwazona ziziqonde kangcono.
-  Izingane eziningi zikuthola kunzima ukuba zazi, nokuthi zisho ukuthi zizizwa kanjani. Uma izingane zikwazi ukuzifanisa nomlingiswa osendabeni, zivame ukwazi ukuxoxa ngalokho okungaziphathi kahle ngokukhuluma ngomlingiswa lowo.
-  Izindaba zisinika indawo ekahle yokuqala ukuxoxa ngezinto okuba nzima ngesinye isikhathi ukuthi sixoxe ngazo. Ukubuza imibuzo evulelekile mayelana nendaba ngesikhathi niyifunda, nangemva kwalokho, kusiza izingane ukuthi zicabange futhi zixoxe ngalokho okuzikhathazayo, ngemizwa kanye nemiqondo yazo. Nazi izibonelo zeminye yemibuzo ongayisebenzisa: "Kungani ucabanga ukuthi lowo wenze/usho lokho?", "Ngabe ucabanga ukuthi kumele enze njani?", "Ungazizwa kanjani uma ...?", "Ungenzenjani uma ...?", "Wenzenjani uma ...?"
-  Ukufunda izindaba ndawonye kungaholela nakwezinye izindlela zokuzwakalisa izimvo futhi. Isibonelo, izingane zakho zingaphinde zixoxe futhi/noma zilingise indaba, zixoxe noma zibhale indaba yazo, zidwebe isithombe ngendaba noma zidwebe lesi esisuselwa kuyo, noma zibhalele omunye wabalingiswa bendaba.

Izindaba kungenzeka zingabi namandla okushintsha isimo, kodwa zingasiza ukushintsha indlela izinto ezenzeka kithi ngayo.




INSIDE
Win a R100 gift card from Jet Club!
NGAPHAKATHI
Wina ikhadi lesipho lakwa-Jet Club
elibiza i-R100!

Jet Club



Drive your
imagination

Story Power.
Bring it home.
Walethe ekhaya amandla endaba.





Drive your
imagination



Nal'ibali news

To celebrate International Literacy Day on 8 September 2014, Nal'ibali launched its new and improved reading-for-enjoyment cellphone app with Mxit Reach. This easy-to-use app helps to put children's stories and literacy tips into the hands of even more South African caregivers and their children!

Anyone with a cellphone can get a story or literacy tip delivered to their phones each week in English, Afrikaans, isiXhosa, isiZulu, Sepedi and Sesotho!

"Research shows that being told stories and being read to at home are the things most likely to help make children successful learners at school. Stories help children develop their imagination, thinking, ability to use language and their problem-solving skills," explains Carole Bloch from Nal'ibali.


Now, with the Nal'ibali app, you don't have to wait to be at home to share a story with your children – you can enjoy stories together on the train, in the taxi or while waiting for an appointment!

Here's how to sign up for the Nal'ibali reading-for-enjoyment app:

1. Download Mxit on your cellphone by going to m.mxit.com.
2. Go to **Apps**, then **Search** and then **Nalibali**.

Nansi indlela yokungena ubhalisele lesi sisetshenziswa sokufundela ukuzithokozisa sakwaNal'ibali:

1. Thwebula u-Mxit kumakhalekhukhwini wakho ngokuya ku-m.mxit.com.
2. Iya ku-**Apps**, bese uya ku-**Search** bese uya ku-**Nalibali**.



More about the Nal'ibali reading-for-enjoyment app

- You can sign up to receive a weekly tip or story to share with your children.
- You can earn points and rewards by completing stories, sending us reviews and answering monthly polls.
- There is a story library where you will find all your favourite read-aloud stories.
- You can complete fun literacy quizzes.
- Coming soon: a multilingual rhyme library for use with babies and very young children, and an "Ask the experts" feature, where you can send your reading and writing questions to receive an answer from a Nal'ibali literacy expert!

Izindaba zakwaNal'ibali

Lapho sigubha Usuku Lokwazi Ukufunda Nokubhala Lomhlaba Wonke mhla ziye-8 kuMandulo wezi-2014, uNal'ibali wethule isisetshenziswa sikamakhalekhukhwini esisha esithuthukisiwe sokufundela ukuzithokozisa ngo-Mxit Reach. Lesi sisetshenziswa okulula ukusisebenzisa sisiza ukufaka izindaba zezingane kanye namacebo okwazi ukufunda nokubhala ezandleni zabanakekela izingane abaningi baseNingizimu Afrika kanye nasezinganeni zabo!

Noma ubani onomakhalekhukhwini angathola indaba noma icebo lokwazi ukufunda nokubhala lifakwe kumakhalekhukhwini wakhe masonto onke ngesiNgisi, isiBhunu, isiXhosa, isiZulu, iSepedi neSisuthu!

"Ucwaningo luyakhombisa ukuthi ukuxoxelwa izindaba kanye nokufundelwa ekhaya kuyizinto ezinamathuba amaningi ukuthi zisize izingane ukuba zibe abafundi abaphumelele esikoleni. Izindaba zisiza izingane ukuthi zithuthukise ukuzakhela imifanekiso yomqondo, ukucabanga kwazo, ukwazi kwazo ukusebenzisa ulimi kanye namakhono okusombulula izinkinga," kuchaza uCarole Bloch wakwaNal'ibali.

Manje, ngesisetshenziswa sakwaNal'ibali, akudingeki ukuthi ulinde uze ube sekhaya ukuze wabelane ngezindaba nezingane zakho – ningathokozela izindaba ndawonye esitimeleni, etekisini noma ngesikhathi nilinde ukubonana nothile!

Okunye mayelana nesisetshenziswa sokufundela ukuzithokozisa sakwaNal'ibali

- Ungabhalisa bese uthola njalo ngesonto amacebo noma izindaba ozokwabelana ngazo nezingane zakho.
- Ungazuza amaphuzu kanye nemiklomelo ngokuqedela izindaba, ngokusithumela ukuhluzwa kwezindaba kanye nokuphendula imibuzo ebuzwa nyanga zonke.
- Kukhona nomtapo wezincwadi wezindaba lapho ungathola khona izindaba zakho ozithandayo ezifundwa kakhulu.
- Ungagcwaliswa neziphicaphicwano ezithokozisayo zokwazi ukufunda nokubhala.
- Okuzoba khona maduzane nje: umtapo wezincwadi onemilolozelo engezilimi ezehlukene engasetshenziswa nabantwana abancane kanye nezingane ezincane kakhulu, kanye nengosi ebizwa ngokuthi "Ask the experts", lapho ungathumela khona imibuzo onayo mayelana nokufunda nokubhala, ukuze uthole impendulo kungoti wakwaNal'ibali ngokuphathelele nokwazi ukufunda nokubhala.




Create your own cut-out-and-keep book

1. Take out pages 3 to 6 of this supplement.
2. Fold it in half along the black dotted line.
3. Fold it in half again.
4. Cut along the red dotted lines.

Zakhele eyakho incwadi ozoyisika uyikhiphe bese uyigcina

1. Khipha ikhasi lesi-3 ukuya kwele-6 kulesi sithasiselo.
2. Asonge abe nguhhafu lapho kunomugqa (ulayini) wamachashaza amnyama khona.
3. Asonge abe nguhhafu futhi.
4. Sika lapho kunomugqa wamachashaza abomvu khona.





Always Papa brings a song. He sings the song while he pulls the oars. He sings the song while he pulls the nets. He sings the song as he winds the ropes. He sings the song as he cycles home. "Drop and swish. Find a fish. Pull and plop. Don't you stop."

UBaba uhlale eza nengoma. Ucula ingoma lapho edonsa amaphini. Ucula ingoma ngesikhathi edonsa amanethi. Ucula ingoma lapho egoga izintambo. Ucula ingoma ngesikhathi eseya ekhaya ngebhayisikili. "Yehlisa bes' uyaluzisa. Thol' inhlanzi. Donsa-ke bes' uyibamba. Ungab' usayeka."


We believe every child should own a hundred books by the age of five.

Become a book-sponsor and help change the world.

Get involved at
bookdash.org



Nal'ibali is a national reading-for-enjoyment campaign to spark children's potential through storytelling and reading. For more information, visit www.nalibali.org or www.nalibali.mobi



It starts with a story...


UNal'ibali umkhankaso wokufundela ukuzithokozisa kazwelonke wokokhela lokho okungenziwa yizingane ngokuxoxa nokufunda izindaba. Ukuze uthole eminye imininingwane, vakashela ku-www.nalibali.org noma ku-www.nalibali.mobi



Drive your
imagination

A fish and a gift Inhlanzi nesipho

Liesl Jobson
Jesse Breytenbach
Andy Thesen



Ngazinye izinsuku ubaba kaYusuf uza nendaba. Njengalapho bathola khona izimfudu zasolwandle esilabathini, amakhulu azo ekhafuwe ulwandle ngenxa yesiphapho.

“Ini-i-i? Ini-i-i? Ini-i-i?” kukhala izinyoni zasolwandle. “Nizokwenzani ukuze nize izimfudu?”

UBaba wathi, “Sazihlenga lezo zimfudu, ngizokutshela nje ngingakufihleli. Sazibuyisela olwandle, ngisho nolo kugcina imbala.”



Some days Yusuf's father brings a story. Like the time they found sea turtles on the sand, hundreds washed up in a storm.

“Whaat? Whaat? Whaat?” cried the gulls. “What will you do to help the turtles?”

Papa said, “We saved those turtles, I tell you straight. We sent them back to the ocean, every last one.”

One special Friday Yusuf's father gets dressed before a flicker of light brightens the sky. He pulls on his heavy weather-proof jacket and the green woollen cap that covers his ears. He waves goodbye to his boy. Yusuf's eyes brighten when Papa says, “Today is the day I will catch a fish and bring a gift home for you.”



Ngolunye uLwesihlanu olukhethekile, ubaba kaYusuf uyagqoka ngaphambi kokuba kube nokukhanya okukhanyisa isibhakabhaka. Uggoka ibhantshi lakhe lokumvikela ezimeni ezahlukene zezulu kanye nekepisi lewuli elimboza izindlebe zakhe. Uvalelisa umfana wakhe. Amehlo kaYusuf ayakhanya ngesikhathi uBaba ethi, “Lolu usuku lapho ngizobamba khona inhlanzi bese futhi ngiza nesipho sakho ekhaya.”

Ugogo uSafiya ufuna inhlanzi, umsilophuzi, emandi ekhuluphele esidlweni sakhe sakusihlwa. UMama ufuna ingubo entsha.

“Ungazikhohlisi,” kusho uGogo. “Uzobe unenhlanza uma engabamba nenkalanakalana yodwa le. Akusaphathwa-ke njengoba kungoLwesihlanu lokudoba izinhlanzi nje, okuthiwa olwemisila

“Whaat? Whaat? Whaat?” cry the gulls perched on the bright rooftops. “What is for supper?”

Yusuf holds Ouma's hand. They cross the road at the bathing cabins.

“Whaat? Whaat? Whaat?” cry the gulls so many fish left in the sea.”

likely it will be fish-tail Friday. There aren't lucky if they catch even a tiny crab. More “Don't be silly,” says Ouma. “You'll be her supper. Mother wants a new dress. Ouma Safiya wants a nice fat yellowtail for



The men pull the boat in and coil up the cables. A hard white triangle catches Papa's finger.

“Whaaat? Whaaat? Whaaat?” cry the gulls. “What did you bring back for Yusuf?”

As the sun goes down, Papa answers the gulls, “A lucky shark tooth for my boy.”


At home Yusuf holds his gift up to the stars.

Amadoda akhipha isikebhe emanzini bese esonga amakhebuli. Bese kuba khona okusanxantathu okuqinile okumhlophe okubambeka emunweni kaBaba.

“Ini-i-i? Ini-i-i? Ini-i-i?” kukhala izinyoni zasolwandle. “Umpatheleni uYusuf?”


Lapho kushona ilanga, uBaba uphendula izinyoni zasolwandle, “Izinyo likashaka eliletha inhlanhla lomfana wami.”

Ekhaya uYusuf uphakamisa isipho sakhe asibhekise ezinkanyezini.



“Ini-i-i? Ini-i-i? Ini-i-i?” kukhala izinyoni
umgwaqo ezindlwanezi zababukudayo.
Uyusuf ubamba isandla sikaGogo. Bangamula
ezingatholakala olwandle.”
yezinhlanzi? Akusenazinhlanzi eziningi


Yusuf’s father and uncle
and cousins heave and
pull. A little shark has
been caught. It twists
and thrashes in the
waves. Yusuf’s father
untangles the nets, singing to
the shark, “Drop and swish. Find a fish. Pull and
plop. Don’t you stop.”
When the shark at last is free it streaks back into
the waves, leaving only one fat yellowtail in the net.
Ouma Safiya will be pleased.
Ubaba kaYusuf nomalume wakhe kanye nabazala
bakhe bayabamba bese bedonsa. Kukhona ushaka
omncane obambekile. Uyaphenduphenduka bese
uzishayisa emagagasini. Ubaba kaYusuf uthukulula
amanethi, eculela ushaka, “Yehlisa bes’ uyaluzisa. Thol’
inhlanzi. Donsa-ke bes’ ubamba. Ungab’ usayeka.”
Ekugcineni lapho ushaka usukhululekile utshuza
ubuyele emagagasini, ushiya umsilophuzi owodwa
okhuluphele enethini. Akeve ezjabula uGogo Safiya!




Ukuslu lonke uYusuf ubheka esibhakabhakeni.
Siyakhanya, asinamafu futhi akukho moya.
Inhlanzi kanye nesipho! Kazi uBaba uzobe
ephetheni lapho ebuya olwandle? Uke aphahe
igobolondo elihle. Ngesinye isikhathi kuba
yibhodlela eluhlaza okotshani
elihlanzwe amagasi.

All day long Yusuf looks at the sky. It is bright
and clear and windless. A fish and a gift! What
will Papa bring home from the sea? Sometimes
he brings a beautiful shell. Sometimes he brings
a jewel-green bottle rinsed by the waves.
A fish and a gift?
Oh, what will it be? Papa
cycles down to Muizenberg Beach.
Squeak, squeak go the wheels all the
way to Surfer’s Corner.
Gulls circle the sky. “Whaaat? Whaaat? Whaaat?”
they cry. “What will you bring back for Yusuf?”
Papa rings his bell. “Wait and see what it will be!”
Inhlanzi kanye nesipho? O, kazi kuzoba yini?
UBaba wehla ngebhayisikili eqonde eMuizenberg
Beach. *Nsege-nsege*, kukhala amasondo,
eshosholoza ebheke e-Surfer’s Corner.
Izinyoni zasolwandle zizungeza esibhakabhakeni.
“Ini-i-i? Ini-i-i? Ini-i-i?” kukhala zona.
“Uzomphathelani uYusuf?”
UBaba ushaya insimbi yakhe. “Lindani ukuze
nibone ukuthi kuzoba yini!”

Isikebhe singena emagagasini. Izingalo zikaBaba zelulekela emaphinini okugwedla. Umlenze wakhe ugxale ngasohlangothini lwesikebhe. Intambo yakhe iyadonseka, izinyama zakhe zasemhlane ziyanyakaza. UBaba uyacula ngesikhathi esebenza, “Yehlisa bes’ uyaluzisa. Thol’ inhlanzi. Donsa-ke bes’ uyibamba. Ungab’ usayeka.”




The boat rides into the waves. Papa’s arms stretch to the oar. His leg braces against the side. His neck strains, his back muscles ripple. Papa sings as he works, “Drop and swish. Find a fish. Pull and plop. Don’t you stop.”



The fishermen watch the sun rise. They check their nets. They check their oars. They listen to the wind. They drag their boats down to the water. Yusuf’s grandfather, Oupa Salie, was a treknet fisherman. Before him his father, Oupagrootjie Ridwaan, knew the sea too.

Abadobi babheka ukuphuma kwelanga. Bahlola amanethi abo. Babheka namaphini okugwedla abo. Balalela umoya. Badonsa izikebhe zabo bazifake emanzini. Umkhulu kaYusuf, uMkhulu uSalie, wayengumdobi odoba ngamanethi. Ngaphambi kwakhe, uBaba kaMkhulu wakhe uRidwaan, naye wayelwazi ulwandle.

Ngonyaka odlule abadobi balwa nabantweza ngamabhodi emanzini. “Ini-i-i? Ini-i-i? Ini-i-i?” kukhala izinyoni zasolwandle. “Ulwandle lubanzi, lwanele wonke umuntu,” kusho uBaba kaYusuf. Wabakhombisa imvume yokudoba okwakungekaMkhulu uSalie. “Amagagasi ngawabo bonke abantu. Amanzi amahhala.”



Last year the fishermen fought with the surfers. “Whaat? Whaat? Whaat?” cried the gulls. “There’s enough sea for everybody,” said Yusuf’s father. He showed the surfers the fishing license that had been Oupa Salie’s. “Waves for all. Water for free.”

Ouma Safiya watches through her binoculars, her fingers curled in curiosity. The shark siren sounds. Swimmers run back to the sand and grab their towels. Surfers rush to the shore, carrying their boards under their arms. Under the showers they strip off their wetsuits.

“Whaaat? Whaaat? Whaaat?” cry the gulls. “What will Yusuf’s father bring from the ocean?”



UGogo uSafiya ubuka ngezibukakude zakhe, iminwe yakhe igobile, akasakwazi nokulinda. Kukhala insimbi exwayisa ngoshaka. Abebebhukuda babalekela esihlabathini bathathe amathawula abo. Abebentweza ngamabhodi babalekela osebeni begodle amabhodi abo. Bageza emashaweni bese bekhumula izingubo zabo zokuhlamba ezimanzi.

“Ini-i-i? Ini-i-i? Ini-i-i?” kukhala izinyoni zasolwandle. “Ngabe uBaba kaYusuf uzoya nani ekhaya oluphuma olwandle?”

Get story active!

Here are five quick and easy ideas for things to do together after you and your children have read, *A fish and a gift*.

1. Talk about why you think Yusuf's father put the little shark back in the sea.
2. Suggest what Yusuf might have done with the lucky shark tooth.
3. Draw pictures of what you think Yusuf's home looks like.
4. Draw pictures of Ouma Safiya thinking about a nice, fat yellowtail fish for supper and Yusuf's mother thinking about the new dress that she wants.
5. Take the cardboard insides of two toilet rolls. Use glue, string or wool to join the two cardboard rolls and make your own binoculars like Ouma Safiya's.



Yenza indaba ihlabe umxhwele!

Nanka amacebo asheshayo futhi alula ngezinto ongazenza ndawonye nezingane zakho ngemuva kokufunda indaba ethi, *Inhlanzi nesipho*.

1. Khuluma ngokuthi ucabanga ukuthi kungani ubaba kaYusuf abuyisele ushaka olwandle.
2. Phakamisa ukuthi yini ayengayenza uYusuf ngezinyo likashaka eliletha inhlanhla.
3. Dweba izithombe ezikhombisa ukuthi ucabanga ukuthi ikhaya likaYusuf lalibukeka kanjani.
4. Dweba izithombe zikaGogo Safiya ecabanga ngenhlanzi emnandi, ekhuluphele, umsilophuzi, yesidlo sakusihlwa, kanye nomama kaYusuf ecabanga ngengubo entsha ayifunayo.
5. Thattha amakhali bothi amabili engaphakathi lamaphepha asetshenziswa endlini encane. Sebenzisa iglu, intambo noma iwuli ukuze uhlanganise amaroli amakhali bothi amabili, bese uzenzela esakho isibukakude njengoGogo Safiya.

Know your Nal'ibali characters

Between the ages of six and nine, many children move through the stages of emergent reading to independence. So a lot happens in terms of literacy development, and it's important to keep reading to your children. Find out about Neo and what he enjoys reading, then enter the competition to win a gift card from Jet!

Neo is 8 years old. He lives with his mom, dad, Gogo and younger sister, Mbali. He speaks isiZulu and isiXhosa and some English too. Neo likes to explore and to try out new things. He also loves playing soccer and reading books. His favourite books are adventure stories – especially ones about pirates!



Yazi abalingiswa bakho bakwaNal'ibali

Phakathi kweminyaka eyisithupha ukuya kweyisishiyagalolunye, abantwana bangadlula ezigabeni zokuqala ukufunda ukuya ekuzimeleni. Ngakho kuningi okwenzekayo okuphathelele nokuthuthukisa ukwazi ukufunda nokubhala, futhi kubalulekile ukuqhubeka nokufundela izingane zakho. Thola kabanzi ngoNeo nokuthi yini athokozela ukuyifunda, bese ungenela umncintiswano ukuze uwine ikhadi lesipho lakwa-Jet!

UNeo uneminyaka eyisi-8. Uhlala nonina, uyise, ugogo kanye nodadewabo omncane, uMbali. Ukhuluma isiZulu, isiXhosa kanye nesiNgisi kancane nje. UNeo uthanda ukufunda kanye nokuzama izinto ezintsha. Uyakuthanda futhi ukudlala ibhola lezinyawo kanye nokufunda izincwadi. Uthanda izincwadi ezikhuluma ngezizigeme ezithile – ikakhulukazi lezo ezimayelana nezizigcwelegcwele zasolwandle!

Win! Wina!

To stand a chance of winning one of four Jet Gift Cards worth R100 each, send us the word **"Neo"** and tell us about one way you can encourage 6 to 9 year olds to keep reading. Email your answer to letters@nalibali.org, or SMS it to 32545 (standard data rates apply). Competition closes on 4 December 2014.

Ukuze uziwinele elinye lamaKhadi Ezipho akwa-Jet elibiza i-R100 lilinye, sithumelele igama elithi **"Neo"** bese usitshela ngendlela eyodwa ongakhuthaza ngayo izingane ezineminyaka eyi-6 ukuya kweyi-9 ukuthi ziqhubeka nokufunda. Thumela impendulo yakho nge-imeyli ku-letters@nalibali.org noma uyithumele nge-SMS ku-32545 (kusebenza imali enqunywe yokukhokhela i-data ejwayelekile). Umncintiswano uvala mhla zi-4 kuZibandlela wezi-2014.

Terms and conditions: To enter, you must be 16 years or older. Employees of PRAESA are not eligible to enter. **Imigomo nemibandela:** Ukuze ungenele umncintiswano, kumele ube neminyaka eyi-16 noma ngaphezulu. Abasebenzi bakwaPRAESA abavumelekile ukungenela.

Clue: Visit the "Reading & storytelling tips" section on the Nal'ibali website to find the answer. Go to: http://nalibali.org/reading_story_topics/reading-with-6-9-year-old/

Ake sikunike icebo: Vakashela isigaba esithi "Reading & storytelling tips" kusizindalwazi sakwa-Nal'ibali ukuze uthole impendulo. Iya ku-: http://nalibali.org/reading_story_topics/reading-with-6-9-year-old/



Jet Club

Story Power.

Bring it home.

Walethe ekhaya amandla endaba.



Nalibali

It starts with a story...

Story corner

Here is a new story to read aloud or retell. It is about a promise that a group of noisy birds, the storks, made long ago.

A promise is a promise (Part 1)

By Wendy Hartmann

Storks are those birds with the long orange legs and long orange beaks who fly from North to South and back again. Now, a very long time ago, storks were the noisiest birds in the whole world.

They used to talk all the time. By the time they reached Africa on their flight South, each of them was talking about a different thing, all of them were talking at the same time, and not a single one of them had anything interesting to say.

If one stork said, "Fish! I love to fish."

Another would say, "I love to fish in water. Water is so wet."

And another would say, "Wet? I hate getting wet."

And so it went on and on ... "You're never dry if you're wet."

"Wet? Can you fly if you are wet?"

"Fly? Why, you just have to flap your wings and you can fly!"

And it was those last few words that the ostrich heard. He did not like the storks' chattering, but he forgot about the noise because the one thing he really wanted to do was fly.

So off he went to practise. For days he tried. He ran this way and that. He flapped his wings, but he never lifted off the ground.

"That's it," he said. "Not only do those storks talk too much, they talk nonsense. They need to be punished."

"We can't stand it either," complained the other animals. "Let's go see the wise lizard." So off they went to the river.

"You want silence?" asked the lizard. "Easy! Just say these words tonight at midnight and you will have silence." Then he whispered the magic words. "But," he said, "remember one thing. At midnight on the third day the spell will end. After that you have to come up with your own plan."

At midnight the animals gathered together. They whispered the magic words and waited for morning.

The next day they were amazed. There was not a sound from the storks and their beaks were shut tightly. At last the animals could hear each other. They were able to talk to each other without having to shout.

The animals managed to keep the storks from making a noise, but will the ostrich learn to fly? Get your supplement next week to find out.



Illustration by Richard Mackintosh
Umdwebo wenziwe nguRichard Mackintosh

Find us
on Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA
Sithole ku-Facebook:
www.facebook.com/nalibaliSA

Ikhona lezindaba

Nansi indaba entsha ozoyifunda kakhulu noma ozoyixoxa kabusha. Le ndaba imayelana nesethembiso esenziwa kudala umhlambi wezinyoni ezinomsindo, oNogolantethe.

Isethembiso asiguquki (Ingxenye yoku-1)

NguWendy Hartmann

ONogolantethe yizinyoni ezinemilenze emide enombala osawolintshi kanye nemilomo emide, ezindiza zisuka eNyakatho ziye eNingizimu ziphinde zibuyele emuva futhi. Manje-ke, endulo onogolantethe babeyizinyoni ezinomsindo kunazo zonke emhlabeni jikelele.

Zazihlale zikhuluma nje. Lapho sezifika e-Afrika ekundizeleni kwazo eNingizimu, yileyo naleyo kuzo yayikhuluma ngento eyahlukile, zonke zazikhuluma kanyekanye, kodwa kwakungekho neyodwa kuzona eyayininto ehlaba umxhwele eyayingayikhuluma.

Uma unogolantethe owodwa uthe, "Inhlanzi! Ngiyakuthanda ukudoba."

Omunye wawuthi, "Ngiyakuthanda ukudoba emanzini. Amanzi ayamanzisa."

Omunye wawuthi, "Ukuba manzi? Ngiyakuzonda ukuba manzi."

Kwakuqhubeka kanjalo-ke ... "Angeke wome uma umanzi."

"Umanzi? Ngabe ungandiza uma umanzi?"

"Ukundiza? Ngani? Kumele ubhule amaphiko akho nje bese ukwazi ukundiza!"

Kanti kwakuyilawo mazwi ambalwa okugcina eyavezwa intshe. Ayizange ikuthande

ukubanga umsindo konogolantethe ngoba yona into eyayifuna ukuyenza ngempela kwakuwukundiza.

Ngakho yasuka yayozama. Yazama izinsuku eziningi. Yagijima iya ngapha nangapha. Yabhula amaphiko ayo, kodwa ayizange ikwazi ukusuka phansi.

"Ngehlukile mina," kusho yona. "Akuyikhona kuphela nje ukuthi labo nogolantethe bakhuluma kakhulu, bakhuluma nombhedo futhi. Badinga ukujeziswa."

"Nathi futhi asikwazi ukumelana nalokhu," kukhononda ezinye izilwane. "Ake siyobona isibankwa esikhaliphile." Ngakho baya emfuleni.

"Nifuna kube nokuthula?" kubuza isibankwa. "Kulula! Velani nisho la mazwi, phakathi kwamabili, nizobe seniba nokuthula." Sase sihlebeza amazwi anomlingo. "Kodwa," kusho sona, "nikhumbule into eyodwa. Phakathi kwamabili ngosuku lwesithathu uzophela umlingo. Emva kwalokho kuzomele niqhamuke neqhinga lenu."

Phakathi kwamabili kwahlangana zonke izilwane ndawonye. Zahlebeza amazwi anomlingo zase zilindela ukuthi kuse.

Ngosuku olulandelayo zamangala. Babethule du onogolantethe kanti nemilomo yabo yayivaleke ngci. Ekugcineni izilwane zase zikwazi ukuzwana. Zazikwazi nokuxoxa ngaphandle kokumemeza.

Izilwane zakwazi ukwenza ukuthi onogolantethe bathule, kodwa ngabe intshe izokwazi ukufunda ukundiza? Thola isithasiselo sakho ngesonto elizayo bese uthola ukuthi kwenzekani!

How have books and stories shaped your life and your children's lives? Have they helped you to explain a difficult situation to your child? Or has discovering a favourite story encouraged your children to read and helped improve their reading at school? Tell us on Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA), or Twitter (www.twitter.com/nalibaliSA) and using the hashtag #StoryPower, or email us at info@nalibali.org and we could feature how stories have made an impact on your life!



Ngabe izincwadi nezindaba ziyibumbe kanjani impilo yakho neyazingane zakho? Ngabe zikusizile ukuthi uchaze isimo esilukhuni enganeni yakho? Noma ngabe ukuthola incwadi izingane zakho eziyithandayo kukhuthaze izingane zakho ukuthi zifunde, futhi kwazisiza ukuthi zithuthuke ekufundeni kwazo esikoleni? Sithale ku-Facebook (www.facebook.com/nalibaliSA), noma ku-Twitter (www.twitter.com/nalibaliSA) usebenzisa u-hashtag #StoryPower, noma usithumelele i-imeyli ku-info@nalibali.org futhi kungenzeka sishicilele ukuthi izindaba zibe namthelela muni empilweni yakho!

Nal'ibali on radio!

Enjoy listening to stories in isiZulu and in English on Nal'ibali's radio show:

Ukhozi FM on Monday and Saturday from 9.20 a.m. to 9.30 a.m.

SAfm on Monday to Wednesday from 1.50 p.m. to 2.00 p.m.



UNal'ibali usemsakazweni!

Thokozelani ukulalela izindaba ngesiZulu nangesiNgisi ohlelweni lomsakazo lakwaNal'ibali:

Ku-Ukhozi FM ngoMsombuluko nangoMgqibelo kusukela ngo-9.20 ekuseni ukuya ku-9.30 ekuseni.

Ku-SAfm ngoMsombuluko ukuya kuLwesithathu kusukela ngo-1.50 emini ukuya ku-2.00 emini.

Supplement produced by The Project for the Study of Alternative Education in South Africa (PRAESA) and Times Media Education. Translated by Busisiwe Pakade. Nal'ibali character illustrations by Rico.



Drive your imagination

Daily Dispatch

The Herald

Sunday Times

SundayWorld